www.xtrapapers.com



E: This is the Cambridge International Examinations International General Certificate of Secondary Education in isiZulu as a Second Language.

Syllabus 0531, November 2017, Paper 2: Listening.

There are instructions about how to answer the questions above each item on the question paper.

Dictionaries are not permitted.

Before each recorded item is played, time is allowed for reading the instructions and studying the questions. All items are heard twice. You may take notes and write your answers at any time during the test.

The number of marks is given in brackets at the end of each question or part question.

A signal is used to introduce each item.

PAUSE 00'10''

**Izwi lowesifazane:**

**Umsebenzi 1**

Lalela inkulumo eyethulwa yisakhamuzi esingu Nkk Mkhize, endaweni okuhlanganelwa kuyo edolobheni.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi **siliqiniso** noma **singamanga**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

Pause 01'00"

*Signal: bell

**Izwi lowesilisa:**

IQashana Park yilapho abashayeli ababudedengu behlanganela khona, bashayela otshanini badumise kakhulu izinjini zezimoto ngokweqile, noma kukhona abantu eduzane. Benza lezi zinto ezibizwa ngamadonuts, lapho benza izimoto zabo ziphenduke zizungeze, zishiye omaka bamasondo emgwaqweni.

Imoto ewuhlobo lwegalofu ebovu yiyo evame ukuhlupha kaninginingi. Umshayeli wale moto usebikwe kaningi kwaze kwabanjwa nemihlangano kungekudala namaphoyisa ukufaka isikhalazo esisemthethweni. Kodwa umshayeli ubonakala engakunaki ukukhuzwa kwakhe. Abanye abashayeli bezimoto nabo banecala elifanayo, zingama-28 enyangeni kaSeptemba, imoto yohlobo lweSUV yadlula yehla ngomgwaqo uBiko Street beqonde eQashana Park ngesivinini esiphezulu, isika izimoto ezimbili eziza zibhekene nayo. Kungumkhuba ojwayelekile, Ngiyesaba.

Mhlawumbe amahampu alawula isivivini angasiza ukuxazulula le nkinga. Akukho zimpawu ezibonakalayo zokulawula lesi simo ezivela emnyangweni wezokuthutha, yize beyazi le nkinga. Iphoyisa lithe uma izigilamkhuba zibona imoto yaphayisa, ziziphatha kahle.

www.xtrapapers.com



Pause 00’10”

NgoLwesithathu zingama-30 enyangeni kaSeptemba, abashayeli abane bezimoto zohlobo lweBMWs bezenza isidudla, okungumdlalo wokushaya amathayi, adwebe umgwaqo ashiye amamaki phansi, izinjini zidunyiswa kakhulu zibanga umsindo, zihamba ngesivinini empambanamgwaqo okuBiko Street noMain Street uma uya ubheke ngasebhulohweni. Ucingo olwalubhekiswe emaphoyiseni lwaphendulwa ngowesifazane owayengayazi in dawo okukhulunywa ngayo noma inkinga eyayichazwa. Kamuva, zona futhi lezo zimoto zohlobo lweBMW zaqhamuka zibheke empambanamgwaqo zivela phezulu noBiko Street zaphinda futhi, zashaya isidudla. Enye yezimoto yacishe yashayisa imoto eyayipakile.

Kumele kuze kuvele ingozi enyantisayo yini ngaphambi kokuba kuthathwe izinyathelo? Baphi abomnyango wezokuthutha? Ngineqiniso lokuthi ulawulo lwezimoto olubonakalayo futhi oluqhubekayo lungawenza umehluko. Umnyango wezokuthutha ubonakala ukuthokozela ukubamba abantu abazihambela kancane eduze kwezitolokazi ezingamaMall.**

Pause 00’05”

**Izwi lowesifazane:**

Uzoyizwa okwesibili le nkulumo.

Repeat from * to **
Pause 00’25’’

**Izwi lowesifazane:**

**Umsebenzi 2**

Lalela ingxoxo noNosihle ongungoti wolwimi lokukhuluma lwezandla.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, uA, B, C noma uD.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

Pause 01’00”

*Signal: bell

**Izwi lowesilisa:**

Sawubona Nosihle. Wamukelekile ohlelweni lwethu. Namuhla sizoxoxa ngokubaluleka kokufunda ulwimi lokukhuluma ngezandla, hhayi kubantu abangakwazi abayizithuli (abangezwa emadlebeni) kuphela kodwa nakubanti abasondelene nabo akwaziyo bona ukuzwa.Sicela usutshele kabanzi ngalokhu.

**Izwi lowesifazane:**

Abantwana abaningi abangezwa emadlebeni baqala ukufunda ulwimi lokukhuluma ngezandla sebeneminyaka eyi-6 uma benenhlanhla. Iminyaka eminingi yokungezwa lutho esigabeni esisemqoka sokukhula kwabo iyabalulaza.

www.xtrapapers.com



**Izwi lowesilisa:**

Kungani beqala ukufunda ulwimi lokukhuluma ngezandla sebeneminyaka eyisi-6?

**Izwi lowesifazane:**

Ngoba baqala ukufundiswa ulwimi lokukhuluma ngezandla uma sebeqala isikole. Kahle kahle kufanele baqale besabancane kunalokhu. Enye inkinga eyokuthi abantwana abaningi bakhula baba nengcindezi ngenxa yabazala abangalwazi ulwimi lokukhuluma ngezandla noma abamanqika nqika ukulufunda. Abazali abaningi abanalo ulwazi olufanele nangezikole futhi. Kodwa uma abazali bethula uhulumeni akazukwazi izinselelo ezibhekene nabantwana babo.

**Izwi lowesilisa:**

Kukhona okwenziwayo ngalesi simo?

**Izwi lowesifazane:**

Ngenhlanhla kukhona. Kukhona izinhlangano ezizimele, phecelezi ama-NGO, ezifana ne Hi Hopes ezisiza abantwana abangezwa abangaphansi kweminyaka emi-4 kanye nemindeni yabo. Bagxile kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi abantwana abakwazi ukungenga ngendlela ezikoleni lapho othisha beqeqeshiwe ukukhuluma nabo besebenzisa ulwimi lokukhuluma ngezandla.

**Izwi lowesilisa:**

Ucabanga ukuthi kumele abantwana abangezwa ezindlebeni bafundiswe ezikolweni zabo bodwa?

**Izwi lowesifazane:**

Ngingathi kungcono ukuba nezinhlelo zezikole ezixubile. Uma singakwenzi lokhu, bazokwazi kanjani abantwana abazwayo ngezinselelo ezibhekene nabantwana abangezwa emadlebeni. Uma bezifundela ezikoleni zabo bodwa? Kumele zonke izikole zibe nezinsiza ukuze abantwana abanezinselelo nalabo abangenazo bafundiswe Kanye Kanye futhi ngikholwa ukuthi singakwenza lokhu kuphumelele.

Pause 00’10”

**Izwi lowesilisa:**

Sikhona isizathu esakwenza wakhetha ukuba ngungoti wolwimi lokukhuluma ngezandla?

**Izwi lowesifazane:**

Yebo, indodakazi yami esikhulile manje ayikwazi ukuzwa. Ngaqala ngazi izimpawu ezimbalwa kodwa ngenxa yokufuna ukukhuluma nendodakazi yami ngaziphusha ukuba ngiqhubeke ngifunde. Emva kwesikhathi ngaluthanda lolu limi. Enye yezinto engichaza kakhulu ukuqhathanisa ulwimi lokukhuluma ngezandla lwaseNingizimu Afrika nalolo lwakwamanye amazwe emhlabeni wonke.

**Izwi lowesilisa:**

Ucabanga ukuthi kwenziwa okwanele ngaphandle kwasezikoleni?

**Izwi lowesifazane:**

Ngicabanga ukuthi umphakathi wonke, kungaba ngabazali kuphela, udinga ukulwazi lolulimi lokukhuluma ngezandla ikakhulukazi abasebenzi bezempilo. Uma umuntu ongezwa emadlebeni futhi ongakwazi ukukhuluma eya emtholampilo, abahlengikazi nodokotela kumele balwazi lolu lwimi

www.xtrapapers.com



ukuze bakwazi ukukhuluma naye. Ngiyazi banomsebenzi omningi kodwa asikwazi ukusebenzisa lokho njengesizathu sokungalufundi.

**Izwi lowesilisa:**

Siyabonga kakhulu ngokuza lapha estudiyo. Ngifunde okuningi.

**Izwi lowesifazane:**

Ngicela ukusho lokhu ngaphambi kokoba ngihambe. Kunentombazane enguLondeka enabazali abangezwa. Ngesikhathi isencane abazali bayo babevamise ukuya nayo edolobheni ukuze kube yiyo ebakhulumelayo futhi ibatholikele. uLondeka usekhulile usengutolika okhokhelwayo ekolishi laseMafikeng. Akusikhuthazi yini nathi sonke lokhu?**

Pause 00’10”

**Izwi lowesifazane:**

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
PAUSE 00’25’’

**Izwi lowesifazane:**

**Umsebenzi 3**

Lalela ingxoxo emayelana nokusetshenziswa kukagesi noMnumzane Sosibo osebenza kwamasipala.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

Pause 01’00”

* Signal: Bell

**Izwi lowesifazane:**

Ngiyakubingelela Mnumzane Sosibo. Siyabonga ngokuthi uze lapha namuhla.

**Izwi lowesilisa:**

Ngibingelela nina nonke.

**Izwi lowesifazane:**

Njengoba wazi ukuthi sikhokha kakhulu ngogezi kulezi zinsuku, singenzenjani ukuwonga.

**Izwi lowesilisa:**

Kubalulekile ukuthi sizame ukulawula indlela esisebenzisa ngayo ugesi emakhaya. Asizameni ukwenza imisebenzi yethu eminingi emini kungakabi mnyama. Izinto ezinjengokupheka kanje. Kumele sicime

www.xtrapapers.com



ugesi emakamelweni okungahleli muntu kuwona uma sekumnyama. Kuyasiza futhi ukungapulaki odongweni izinto ezisebenzisa ugesi ngesikhathi esisodwa.

**Izwi lowesifazane:**

Kwenza mehluko muni ukungasebenzisi izinto zikagesi ngesikhathi esisodwa? Kuhamba ugesi olinganayo nje akunjalo?

**Izwi lowesilisa:**

Akufani sampela mpela. Isitofu, ihitha kanye ne-ayini isebenzisa ugesi omningi ngaphezu kwayo yonke into esebenza ngogesi yasendlini. Uma wonke amakhaya esebenzisa izinto ezisebenza ngogesi ngesikhathi esisodwa, ugesi uyasindelwa bese uyawa. Ngineluleka ngokuthi indlela engcono yokonga ugesi ingesikhathi abantu besebenzisa isitofu segesi (phecelezi gas stove) bayeke esikagesi (phecelezi electricity stove).

**Izwi lowesifazane:**

Mhh sekuyawakha umqondo lokhu okushoyo manje. Yingakho ugesi uvame ukuwa njalo kule ndawo ngezikhathi zakusihlwa. Qhubeka, kuningi esikuzuzayo kule nkulumo.

**Izwi lowesilisa:**

Okunye okungasiza, ukuthenga amalambu owagesi ugesi. Aseyatholakala ezitolo. Ayasiza kakhulu kanti ahlala isikhathi eside. Uyazi, mina ngithenga lamalambu njalo emva kweminyaka emibili nohhafu kanti kuqala ngangiwashintsha njalo ngemva kwezinyanga ezimbili. Ngiyanikhuthaza impela ukuba niwazane nizowubona umehluko emalini eniyikhokhela ugesi. Umasipala uthembise ukuthi uzovakasha emakhaya, lapho efika khona kunalamalambu owagesi ugesi, abantu bakuloyo muzi bazothola isephulelo sikagesi noma bazonikwa isheke lenkulungwane.

Pause 00’10”

**Izwi lowesifazane:**

Muhle impela lo mqondo kamasipala, uzokhuthaza abaningi ukuthi basebenze kanzima ekongeni ugesi. Phela imali ithandwa ngumuntu wonke. Kukhona okunye okusalayo ngephutha Mnu Sosibo?

**Izwi lowesilisa:**

Yebo Igiza nayo kungakuhle icishwe uma kuyisemini ivulwe kuphela uma sekuyintambama lyawudla kakhulu ugesi. Kanti kukhona igiza yelanga esetshenziswa ngabantu abaningi manje. Uthola amanzi afudumele ngaphandle kokukhokha imali.

**Izwi lowesifazane:**

Okunye engivame ukuzwa njalo yilo mkhuba wokuzixhumela ugesi ngokungekho emthethweni, niwuxhuma kugesi onikezwa ngumasipala ukuze bagweme ukukhokha izindleko zikagesi.

**Izwi lowesilisa:**

Yebo, yinto esikhathaza kakhulu leyo singumasipala. Lokhu kudala izinkinga eziningi kakhulu kodwa ngicela ukugxila kulezi ezinhlanu kuphela: Okokuqala, kusobala ukuthi kuyingozi kangakanani kubantu ababhekene nobungozi bokulinyazwa ngugezi abawuthinta ngokungemthetho. Okwesibili, Kunezigaba ezihlukene zikagesi, ikakhulukazi ngezikhathi zebhizi ntambama. Okwesithathu, amabhizinisi ezindaweni ezithintekayo alahlekelwa yimali eningi ngenxa yalezi zenzo. Okwesine, abanye babahlali bagcina bephoqeka ukushintsha izinto ezisebenzisa ugesi sezilimele ngenxa yokucisha nokubuya

www.xtrapapers.com



kukagesi okuqhubekayo. Okokugcina okuyisizathu sesihlanu, inhlawulo ekhishwa yilabo abonile incane kakhulu, ngenxa yalokhu abenzi bobubi abawuyeki lo mkhuba. Kumele senze konke okusemandleni ethu ukuxazulula le nkinga.

**Izwi lowesifazane:**

Siyabonga Mnumzane Sosibo, sifunde okuningi namuhla.**

Pause 00’05”

**Izwi lowesifazane:**

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Repeat from * to **
Pause 00’25’’

**Izwi lowesilisa:**

**Umsebenzi 4**

Lalela le ngxoxo nothisha emayelana nohambo lwaphesheya nabafundi, bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

Pause 01’30’’

*Signal: bell

**Izwi lowesilisa:**

Namuhla esitudiyo sinoNkosikazi Mbalenhle Mabaso osanda kubuya phesheya eYurophi neqembu labafundi bakhe. Sawubona Mbalenhle. Sicele uzethule ngaphambi kokungena odabeni lohambo.

**Izwi lowesifazane:**

Nginguthisha wesiNgisi esikoleni samabanga aphezulu. Kwakuhlale kuyiphupho lami ukuhamba neqembu labafundi ngibahole phesheya. Ngangifisa ukutshala uthando enganginalo lokuvakashela amazwe futhi ngifundise abantu abasha ukuba bazethembe bakwazi ukuvakasha ngokuzimele, bangalahleki phesheya.

**Izwi lowesilisa:**

Waluhlela kanjani lolu hambo?

**Izwi lowesifazane:**

Ngaluhlela ngokwami, ngachitha amahora amaningi ngithola ulwazi oluku-internet kanye nolwami lokuvakashela amazwe ahlukene. Ngasebenzisa inkampani ezimele ukuba isihlelele izindiza.

www.xtrapapers.com



**Izwi lowesilisa:**

Zazikhona izindawo nawe owawufuna ukuzivakashela?

**Izwi lowesifazane:**

Yebo, ezimbalwa. Uhlelo lwethu lwalufaka la mazwe; iVenice neBlack Forest kanye ne Amsterdam.

**Izwi lowesilisa:**

Wabalungiselela kanjani loluhambo abafundi bakho?

**Izwi lowesifazane:**

Kwathi sekusondele usuku lokuba sihambe, ngahlela ubusuku bequiz ukuze abafundi ngikhulise ukuzethemba kubafundi bami.

**Izwi lowesilisa:**

Kwahamba kanjani lobo busuku?

**Izwi lowesifazane:**

Uma ngibabuza ukuthi iyiphi inhlokodolobha yaseSwitzerland, impendulo engayithola yayithi iseAmsterdam. Ngaphinde ngabuza ukuthi iwashi elenza umsindo wenkukhu likhala kangani ngathola impendulo ethi, “njalo ekuseni.”

**Izwi lowesilisa:**

Abazali babebonakala benjani bona?

**Izwi lowesifazane:**

Ngosuku esasihamba ngalo, abantwana babebukeka benokwesaba okuncane. Abazali-ke bona babenovalo ngempela. Omunye womama wangibizela eceleni wabe esethi, “uyazi ukuthi indodakazi yami kunezinto okungamele izidle?” Ngamkhulula ngokuphendula ngithi, “yebo! Amaqanda, namakinati Kanye nobisi!”

Pause 00’10”

**Izwi lowesilisa:**

Kwaqhubeka kanjani emva kwalowo mzuzu owawushubile?

**Izwi lowesifazane:**

Sahamba kahle. Uma sifika esikhumulweni sezindiza saseDubai, ngonginovalo oluncane, ngafunda amabhodi olwazi ayelenga phezulu ukuze ngithole ukuthi ibanoyi lethu elisiqhubela phambili sasizolithola kuliphi isango. Kwathi lapho sifika endaweni enenxanxathela yezitolo esondelene nesango esasizogibelela kulo ngathi kubafundi, “ningaya ezitolo manje. Sizohlangana lapha emva kwesikhathi esingamahora ama-2.” Bavuma ngamakhanda bengakhombisa ukukhululeka. Ngabatshela ukuthi bangahamba. “kulungile Nkosikazi,” besholo phansi. Ngabe sengisuka ngithatha amagxathu ambalwa ngase ngibheka emuva. Abafundi babemi ndawonye njengezimvu ezididekile, begqolozele izitolo ezidayisa ubukhazikhazi.

www.xtrapapers.com



**Izwi lowesilisa:**

Bagcina benyakazile nje?

**Izwi lowesifazane:**

Ekugcineni, ababili basuka ngokungabaza beya esitolo esidayisa amaswidi. Emva kwamahora amabili ngakhululeka uma ngibona ukuthi wonke umuntu wayithola indawo okwakumele sihlangane kuyo.

**Izwi lowesilisa:**

Lwaqhubeka kanjani uhambo?

**Izwi lowesifazane:**

Uhambo lwethu lwalumnadi ngendlela emangazayo futhi lwaba yilokhu engangikuthembise abazali. Abantwana abalahlekanga. Babesigcina isikhathi. Abaphuzanga utshwala futhi abenzanga monakalo ehhotela – ngokwazi kwami.

**Izwi lowesilisa:**

Yikuphi oyohlale ukukhumbula ngalolu hambo?

**Izwi lowesifazane:**

Umzuzu engingeke ngawukhohlwa kwaba ngesikhathi siseDubai sesibuya. Ngangibheka amabhodi emininingwane, ayezosikhombisa inombolo yesango esasizogibela khona ibhanoyi eliya eGoli ngesikhathi omunye wabafana eqhubeka nokuhamba ngenkulu injabulo le edlula ehlola zonke izimpawu ezazingaphambili. Kwathi lapho ngilithola ibhodi elaliqondene nathi, kodwa ngingakalifundi, umfana waphenduka kwahlangana amehlo ethu wabe esengikhombisa indlela okumele siyithathe. “sizophuma ngesango elinguB3! Lingapha Nkosikazi! Kusho yena. Ngagcwa ukuziqhenya okukhulu ngalowo mzuzu.

**Izwi lowesilisa:**

Wow, siyabonga ngokuzokhuluma nathi ngalolu hambo lwenu.**

Pause 00’05”

**Izwi lowesilisa:**

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00’30’’

**Izwi lowesilisa:**

Kuphela lapha ukuhlolwa.

E: This is the end of the examination.

